Inkanyiso, 9 June 1893

| | |
|---|---|
| NEWSPAPER: | *Inkanyiso* |
| DATE: | 9 June 1893, no page number |

OFFENSIVE WORDS/TERMS: Nil

(Ku Mhleli we *Nkanyiso.)*

MNGANE, -Njengoba iningi labafunda ipepa lako selikohlwe nya l'limi lwakwiti, ngenxa yoba kwafika abafundisi nezincwadi abebefundisa ngazo amaXosa, kulukuni kimi, kungatata isikati eside, ukupendula amazwi ka Msimang nabanye kule'ndaba ye Wundhlu, abapikisana nami ngalo beti lingeyikombe inDodana yoPezu-konke. Angimangali ukuzwa leyo'nkani yabo abangipikisa ngayo ngoba selubakohlile uqobo ulimi lwaoyise: futi ngingahle ngiqinise ngiti kako umuntu ongowakwa Msimang: mina ngazi owakwa Msimanga, emaSimangweni: owakona angafana nodade nje, akohlwe ukuti lel'igama ngelomuntu walupi uhlobo, abes'ecabangela ezinhlotsheni zabeSutu, kanti uyageja. Po-ke, tina sesibadadhlana, obaba futi bengazange batate'mazwi a'ncwadi ya'siXosa neyami, siyauhleze sesipikiswa nje, kutiwa, akusilo lelo,-kutsho njalo abantu abangasalwazi ulimi lwakubo, asebehlanekezela yonke into ukuyibiza kwabo.

Ongatandi kuhlupeka, otanda ukufunda incwadi yolimi lwakiti oluyilo, katate incwadi ka Sobantu: yona iyakumhambisa kahle endhleleni ayitandayo, inxa nga efisa ukwahlukana nesiLala, nesiMpondo, nesiBhaca, nesiXosa, kanye nesiZulu-mLungu.

Izwi lokuti 'iwundhlu' linye nele 'cwane' ne 'zinyane': kodwa 'iwundhlu' lipakeme kulawa amabili, lixube nokudumisa into futi. Musani, madoda, ukwahlulwa l'izwi lakini qede nitshadazele ngokulipika, nazi kahle nje, ukuti, iwundhlu' lizwi elikomba into esatambile.

MAGEMA MAGWAZA.

TRANSCRIBER:
Sizakele Gumede for FHYA, 2022.
Student, MA in Historical Studies, UCT.